

Ubufakazi Bokuphiliswa

(Ihunyushwe isuka kwisi Putukesi)

Okthoba 27, 2014

Igama lami nginguMfundisi Isa-que Roberto. Ngisuka eLondrina kwisiFundakazi sase-Parana (i-State of Paraná), eBrazil, futhi ngithanda ukunioxela okuthile ngale-imey-li. Bengingumfundisi eLondrina iminyaka engu 15. Emnyakeni emithathu eyndlule umndeni wami wasat-hiswa yinsambatheka yesehlo esibuhlungu.

Ngo Julayi 24, 2011, indodakazi yethu uBe-atriz Gabriela (owa-yeneminyaka eyisikhombisa), waba sengozini embi kakhulu yomgwaqo ngesikhathi eshayiswa umshayeli we-tekisi ngesikhathi ehamba endaweni yokuwela umgwaqo. Ukushayisana kwakunamandla ngalendlela yokuthi, ngokwabacwaningi, wajikijeleka amafidi angú 21. Ngagijimela ngasohlangothini lwakhe, wayengaphefumuli, futhi ngiyakhumbula ngakhamuluka, "Bizani abosizo!" Uma ngimbheka futhi, ngabona ithaya lesithuthuthu nez-wi elathi, "Ngizokusiza. Ngingumcishi womlilo." Ngaso lesosikhathi, UNkulunkulu wayesebike lowo ozophendula kuqala khona lapho. Waphendula uBeatriz ngomhlane wayesenza i-CPR, wayesekhwehlela igazi. Usizo lwafika, futhi ngesikhathi bemnake-kela ngaphakathi kwe-ambulensi, ngaqala ukukhuleka. Udeveli wabhekana nqwamashi nami futhi wangibonisa emqond-weni wami isithombe somfa-na engangimazi owashayiswa imoto futhi owabe engasak-wazi ukukhuluma kanye nokusebenzisa izitho zomzimba ngendlela efanele. Manje umndeni wakhe umthwala ngesihlalompilo. Ngalesosikhathi, udeveli wayengibonisa lesithombe futhi ethi kimi, "Izokuba njalo nendodakazi yakho."



Wayiswa esibhedlela futhi wemu-kelwa exilongwe watholwa enalokhu ukulimala: umlenze ophukile wangak-

wesokunxele, ithambo eliphukile lengalo yangakwesokunxele, ithambo lehlombe eliphukile langakwesokud-la kanye nelangakweso-kunxele, ubende obubengekile, ukuphazamiseka kwamaphaphu kanye nokulimala kan-zima ekhanda—i-head trauma esezengeyi lesi-3 (izinga lesi-4 ngukufa).

Uma sifika egumbini labagula kak-hulu, sabona indodakazi yethu ixhuny-we emishinini eyahlukahlukene, iphe-fumula ngomshini, futhi ikwi-khoma. Izinsuku ezintathu emva kwengozi, ngoJulayi 27, udukotela wengqondo (i-neurosurgeon) owayemnakekela wasibiza futhi wathi, "Anginazo izindaba ezinhle. Isimo sakhe sesisibi kakhulu. UBeatriz akasizakali ngemithi esimni-ka yona, futhi sekunengcindezi ngaphakathi kogebhezi Iwekanda (cranial hypertension). Ingqondo iyavuvuka. Ngenxa yalokho, igazi aliyi engqond-weni, futhi emahoren ambalwa azayo, ingqondo kaBeatriz izoba seyifile." Udu-kotela wathi, "Sengisele nokukodwa en-gingakuzama, ukuba ngimhlinze ukuze ngisuse enye ingxenyoye yogebehezi Iwekanda emacaleni womabili ukuze

nginciphise ukusindwa kwengqondo kaBeatriz, ukuze futhi ibe nendawo yokukhukhumala. Nokho-ke, asikho isiq-niseko sokuthi isimo sakhe sizoshintsha noma uzokwazi ukumela ukuhlinzwa."

Samnikeza igunya udukotela, ngoba sasazi ukuthi izwi lokugci-na ngelikaNkulunkulu. Besalungisa konke, bathi asihlale noBeatriz ukuze simvalelise. Unkosikazi wami waqala wakhuleka ngesikhathi ngisafonela amanye amanxusa futhi ngichaza ngesimo. Ngesikhathi unkosikazi encikile emzimbeni kaBeatriz ethan-daza, umuntu wafika kuye wathi, "Mama, ngiyakwaluleka ukuba uk-hulekele ukuba uNkulunkulu amt-hathe, ngokuba uma esinda, uyoba yinto ekhubazekile ehlala embhedeni." Emva kwamahora, ngaphandle kokwazi ukuthi kwenzakaleni, ngat-hola umbiko ngocingo uvela komun-ye usibali wami wesimame, owathi, wayethandaza ntambama wabe ese-bona umbono. Wabona umoya omubi uza kunkosikazi wami wase usho lawomazwi njengoba enjalo.

Ukuhlinzwa kwathatha cishe amahora amahlanu. Uma sebeletha uBeatriz egumbini labagula kakhulu, ikhan-da lakhe lonke lalisongiwe kanti nobuso bakhe basebulahlekelwe isimo. Manje okwakusele ukuthi ngilinde nje. Sakhuleka ukuba uNkulunkulu amphi-lise, kodwa zabe zilokhu zizile izindaba ezimbi—inyumoniya, isifo ayesithole khona esibhedlela.

Ngolunye usuku ngaphambi kosuku lokuzalwa lukaBeatriz (Agasti 8), udu-kotela wathi uzomkhiphemithini edakisayo (ama-sedatives) ukuze abone ukuthi uzovuka yini kwikhoma. Ngabuza, "Uma ucabanga kuzomthatha isikhathi esin-gakanani ukuba aphaphame?" "Wathi, ayikho indlela esingazi ngayo." "Angavuka namuhlanje, kusasa, nge-sonto elizayo, ngenyanga



ezayo, ngonyaka ozayo, kodwa futhi kungenzeka avele angaphinde avuke," washo esegcina.

Emva kwezinsuku ezimbalwa, izinsiza kuphefumula zasuswa. Sajabula ngoba waqala ukuvuka. Nokho-ke, ebusuku uBeatriz wahogela okungamanzi, ukuphefumula kwakhe kwaba kubi kunakuqala. Uma sifika esibhedlela, sambona ephefumula kanzima. Ithimba lezempilo lalenza konke okusemandleni alo ukuba abengcono. Saphuma ukuyodla isidlo sasemini, uma sibuya sacela ukungena ngaphakathi, sangavunyelwa. Ngalunguza ngomnyango, cishe it-himba lonke lalizungeze umbhede wakhe likhala. Kwamele ukuba silinde imizuzu embalwa, futhi kwathi ngesikhathi sesivunyelwa ukungena, sabona ukuthi sebelibuyisele ipayipi lokuphefumula kuBeatriz. Omunye wabodokotela wathi, "Kungenzeka ukuba senze i-tracheotomy - simvule imbobo entanyeni ukuze sifinylelle kuqhoqhoqho bese sifaka ipayipi angaphefumula ngalo esikhundle ni somlomo kanye namakhala; iyonandlela uBeatriz azothola ngayo umoyampilo. Angeke esakwazi ukuziphefumulela ngokwakhe." Ezinye izindaba ezimbi—esinye isizathu sokukhuleka. Emva kwezinsuku, uBeatriz waphaphama kwi-khoma wabe eseaya kwelinje igumbi labagulayo.

Saqhubeka ukukhala kuNkulunkulu futhi sizila ukudla ngesikhathi sonke. Ngesikhathi uBeatriz eya kuleligumbu, saliphendula ikamelo laba isizinda somkhuleko, amahora awu 24 ngosuku. Sasidlala amaculo endumiso. Sakhuleka amahora onke. Abantu babengena bese bembona uBeatriz elele embhedeni nomlenze okhonkiwe, exhunywe emshinini wokuphefumula nowokudla futhi bese bethi, "Kungaba khona kanjani ukuthula okungaka kulendawo?" Izinsuku sezizonke zaziwu 53 esesibhedlela.

Ngesikhathi uBeatriz ephuma esibhedlela, wabuyela ekhaya engabonisi zimpawu zokuthi uzolulama. Sasinombhede wasesibhedlela, isihlalompilo sasebhavini, kanye nesihlalompilo

sasekhaya. Unkosikazi wami wakhuluma nodokotela wamalunga omzimba wambuza wathi, "Dokotela, ucabanga ukuthi kuzothatha isikhathi esingakanani ngaphambi kokuba uBeatriz akwazi ukuhamba?" Udukotela waphendula wathi, "Sengibe kulendima iminyaka eminingi, futhi angikaze ngiyithole incwadi yezokwelapha noma ngizwe indaba yomuntu owasinda engozini efana nekaBeatriz. Mhlawumbe ngelinye ilanga uyokwazi ukuhamba ngama-crutches noma ngezinsiza kuhamba, kodwa ukuthi aphinde ahambe ngokujwayelekile—ngokwami ukubona—angeke kuphinde kwenzeke." Kodwa-ke, sasizimisele emoyeni wethu ukuthi angeke agcine eyilendlela. Saqhubeka saphokophela ukufuna iNkosi, kwesinye isikhathi ngokukholwa, kwesinye isikhathi ngokukhala, kodwa njalo ngokwethemba. Ngelinye ilanga samthatha samyisa emtholampilo womphakathi ngoba sasidinga incwadi esinika igunya lokumdlulisela kwestinye isibhedlela, ngamtshela udokotela ukuthi kuyaphuthuma. Udukotela wacela ukubona uBeatriz, kanti kwathi uma ngingena naye ehhovisi esezandleni, udokotela wabuza, "Mnumzane, ujaheni kangaka? Yini engashintsha esimweni salengane?"

UBeatriz kwakumele ahlinzwe ukuze kufakwe into ezomela lelithambo logebhezi lwekhanda olwakhishwa. Sathola isilinganiso senani elingu 147, 500 (wama-Brazil Real) (cishe u\$60,000.00 wama-USD). Sasingenayo leyomali, ngakho sase siba nesinye isizathu sokukhuleka. Sesithole isu nendlela kuNkulunkulu ngomngani, saqala umkhankaso wokuqoqa imali. NgoLwesine lumbe, ngathola ucingo. Kwakungowesifazane owaqala ukubuza imibuzo ngoBeatriz. Wabuza ukuthi sisadinga malini, ngathi (ama-BRL) angú 57,000.00 (okungu \$23,000.00 wama-USD). Wathi uzobona uma kukhona angasenzela khona. NgoMsombuluko olandelayo, ngaya ebhange ukuyokhipha imali ebisele, Ngathola ukuthi lowomuntu waweyifakile imali ebesiyingdinga. Ngezinsuku ezingu 40, sakwazi ukuqoqa yonke imali ebesiyi-

dinga. Makabongwe uNkulunkulu!

Ukuhlinzwa kwenzeka ngoDisemba 23, 2011. Ngalesosikhathi, uBeatriz wayesekwazi ukuhlala ngokusizwa imiqamelo futhi wayesekwazi nokuhlala kwisihlalompilo. NgoDisemba 27, ngahamba ukuyovalelisa kuBeatriz ngaphambi kokuya enkonzweni. Ngathatha izandla zakhe ngase ngimtshela ukuthi ngiya enkonzweni. Ngamuzwa edonsa isandla sami. Ngambamba ngamqinisa, manjalo wavele wasukuma. Ngaba nokwesaba ngase nighlehlela emuva, ngaso lesosikhathi, wathatha elinye igxathu ukuya phambili futhi waqhubeka wamhama. UNkulunkulu wethembekile!

Ngokuqhube ka kwezinsuku, uBeatriz waqhubeka ukubuyelwa ngamandla namakhono akhe. Waqala ukukhuluma kanye nokubhala. NgoMeyi 2012, wabuyela esikoleni.

Namuhla, emva kweminyaka emithathu, ungubufakazi obuphilyo bezimangaliso okungesizo ezemvelo, futhi ungubufakazi bokuthi uNkulunkulu wethembekile ukugcina iZwi Lakhe futhi ubenzela umusa bonke abakholwayo. Izwi enginalo ngempilo yakho zonke izikhathi, yileli, "KONKE KUYENZEKA KWABAKHOLWAYO" (NgokukaMarku 9:23).

Ezinsukwini ezimbalwa ezidlulile, unkosikazi wami wayenodokotela wokusebenzisa izitho zomzimba, udokotela wayebonisa uBeatriz komunye wabafundi bakhe, wabesethi, "Lesi isimangaliso, ngoba uma bekunge nguye uNkulunkulu, ngabe akekho la. Akukho okwakungenziwa yimithi nesayensi yokwelapha." Isayensi yokwelapha nemithi ayikwazanga ukwenza lutho, kodwa UNKULUNKULU ANGAKWENZA! ANGASEBENZA NASEMPILWENI YAKHO FUTHI! UMfundisi Isaque Roberto

Lobubufakazi sebucotshelwelwe ibandla lonkana eLondrina futhi bube yisibonelo samandla kaNKULUNKULU okuvivinya ukholo lwethu. Bheka ubufakazi obaqoshwa enkonzwani kwi YouTube: <http://www.youtube.com/watch?v=YHqbBk0A4nA>.